



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA,
UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI
KWAZULU-NATAL, UMNUZ. B.H. CELE EMCIMBNI
WOKWETHULA NGOKUSEMTHETHWENI UHLELO
LWEZOKUPHEPHA EMGAQWENI NGAMAHOLIDE
EPHASIKA ECURRIES FOUNTAIN NGOLWESIBILI,
4 APRIL 2006**

Ngibanibingelela nonke.

- Enye yezinto eziphambili ezibhekelelwe nguMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ukuphepha emigaqweni yesifundazwe.
- Isikhathi samaholide ePhasika siyisikhathi lapho siqinisa imikhankaso yezokuphepha ngenxa yokwenyuka komthamo wezimoto.

- Izingozi zomgwaqo ezihlasimulisayo zihlale zenzeka cishe nsuku zonke. Siyakwazi sonke lokho, futhi siyazi ukuthi sidinga ukwenza okuthile njengoba phela akekho osizakalayo ngalesimo.
- Kodwa siyazi futhi ukuthi umsebenzi wokunciphisa izingozi zomgwaqo ungowalabo abasebenzisa umgwaqo uqobo lwabo. Lento iwubugebengu uqobo, imiphakathi nabantu ngamunye nje kumele babheke indlela abaziphatha ngayo nemindeni nabangani babo ukuze kwehliswe isibalo sezingozi emgaqweni.
- Yingakho namhlanje simashela ukuphepha.
- Ngesikhathi sePhasika, izinkulungwane zabantu kulindeleke ukuba zitheleke esifundazweni sethu nokuzokwenza senyuke kakhulu isibalo sezimoto emizileni emikhulu.
- Zonke izinhlaka zokugcinwa komthetho zizosebenza ngokubambisana ukuqinisekisa ukuthi umgomo wethu ka-100% Compliance, okusho ukuthobela imithetho ngokuphelele, ugcinwa ngokuyikho.

- Kumele nihlale nazi ukuthi awukho umusa oyokhonjiswa kulabo abaphula umthetho womgwaqo. Uma ungafuni ukugcina umthetho, kumele ubhekane nengalo yomthetho.
- Ukusabalaliswa kwalolu hlelo lwezokuphepha ngePhasika kuqale ngo-March 1 kanti uzoqhubeka kuze kushaye uMay 1 futhi. Ngalesi sikhathi akukho phoyisa lomgwaqo elizothatha ilivu ukuze siqinisekise ukuthi amaphoyisa ankanisa ngobuningi bawo emigaqweni.
- Amacala agadwe kakhulu abandakanya lawa:
 - Ijubane eleqile;
 - Ukungafaswa kwamabhande;
 - Ukulayisha ngokweqile (izimpahla nabagibeli, kubandakanya amaveni namabhasi);
 - Abahamba ngezinyawo;
 - Ukushayela uphuzile;
 - Izimoto ezingekho esimweni sokuba semgaqweni;
 - Izithuthi zomphakathi ezingenawo amaphemithi;
 - Ukusika kungaphephile nokungakhombisi ngezimpawu;
 - Izincwadi zokushayela;
 - I-Professional Driving Permit (PrDP);

- Kafushane nje, uhlelo lwethu lwezokuphepha ngePhasika luhlanganisa lezi zinto ezibalulekile:
 - I-Operation Emisa – uMnyango wezokuThutha kuzwelonke ubize uhlelo lwezokuphepha emgaqweni luka-2006 ngokuthi u-“Operation Emisa” okusho ukumisa ngolimi lwesiSuthu. Lokhu kusho ukuthi zonke izisebenzi zizophuma umkhankaso wokumisa izingozi, ukumisa ukufa, ukumisa ukulimala nokumisa ukwenziwa kwamacala.
 - I-Operation Juggernaut – ebhekene namaloli angekho esimweni sokuba semgaqweni.
 - I-Project Blue Light – lapha amaphoyisa azobe ehlola ngamalambu aluhlaza uma isimo sezulu sibheda noma kusebusuku.
 - I-Lights on Campaign – lona ngumkhankaso ogqugquzela bonke abashayeli ukuba bashayele bekhanyise amalambu emini.
 - I-Operation Tata – lapha kuzobe kuboshwa abahamba ngezinyawo emgaqweni ongu-freeway nangokuthi babeka engozini izimpilo zabo uqobo nezabanye abasebenzisa umgwaqo.

- Ukuhlolwa kwezimoto mahhala – izikhungo zokuhlola zizohlale zilindile kugqugquzelwe nabashayeli ukuba bazohlola izimoto zabo mahhala.
- I-Operation Khipa S’khotheni – oluqondene nezimoto ezithutha impahla lapho kuzobhekwa abephula umgomo wejubane ebusuku.
- Kuzokuba nendiza ezungezayo ehlola isimo kanti nesikhungo sosizo, i-Help Centre, sizobekwa ku-N3 eBerville ukuze kugqugquzelwe abashayeli ukuthi bame baphumule okungenani njalo emuva kwamahora amabili noma amakhilomitha angu-200 beshayela.
- Inombolo yethu yamahhala ebizwa ngeMpimpa (086 221 1010) izohlale isebenza amahora angu-24 ngosuku. Ngithanda ukuninxusa nonke futhi ukuba nibike wonke amacala eniwabona emgaqweni ukuze kuthathwe izinyathelo ngokushesha kulabo abaphula umthetho.
- Mangiphethe ngokunxusa bonke abasebenzisa umgwaqo ukuthi mabahloniphane, abahamba ngezinyawo mabahloniphe abahamba ngezimoto, kanjalo nabezimoto bahloniphe abahamba ngezinyawo.

- Sisonke masiqhubeke nokulwela isithunzi nenhlonipho kubantu bonke, sinike ezokuphepha emgaqweni ukubaluleka okuzifanele.

Ngyabonga.